# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***Intshumayelo ngesonto elithiwa Kwasimodogeniti, ngomhla ka 07. 04. 2013 22/2013***

## Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 117/100

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba uvuke ekufeni, ungadinwa ukusikhuza ngenxa yokungakholwa kwethu, ungadinwa ukusivuselela ukuba samukele umyalo wakho wokuyisa ivangeli lakho, nombhapathizo wakho kwabanye, sikholwe isithembiso sakho sokuthi siyasindiswa ngenxa yokufa nokuvuka kwakho, nesokuthi uyakwenza izibonakaliso nemisebenzi yamandla akho kubo bonke abenza umsebenzi wakho, abakholwa esikuthenjiselwe nguwe kulokhu kuphila, nasezulwini. Nkosi, siyabonga, ngokuba usamukele emsebenzini wakho nasebandleni lakho. Mawusisize ukuba sikusebenzele, sikhonze njalo kuwe, sithokozele ukufa, nokuvuka, nokwenyuka kwakho. Makubongwe igama lakho, Nkosi, Msindisi wethu Jesu Kristu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Petru 1:3-9;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Johane 20:19-29.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 259/106

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuMarku 16:9-20, lithi: UJesu "esevukile, kusekuseni ngosuku lokuqala lweviki, wabonakala kuqala kuMariya Magdalena ayekhiphé kuye amademoni ayisikhombisa. Yena wahamba wababikela labo ababenaye uJesu, besalila bekhala. Kwathi bona sebezwile ukuthi uyaphila nokuthi uboniwe nguye, abaze bakholwa. Emva kwalokho wabonakala ngesinye isimo kwababili kubo behamba beya emaphandleni. Nabo bahamba babikela abanye; nalabo abaze bakholwa. Ngasemuva wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo yabo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile. Wayesethi kubo: Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhapathizwe uyakusindiswa, kepha ongakholwayo uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngegama lami bayakukhipha amademoni, bashumayele ngezilimi ezintsha,

baphathe izinyoka; uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba-nangozi; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, basinde. Njalo-ke iNkosi uJesu isikhulumile kubo yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Kepha bona bephuma bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo." Amen.

8. **Intshumayelo:** Bathandwa eNkosini yethu uJesu Kristu, nangosuku lwanamuhla kuyamenyezelwa ebantwini bonke ukuthi iNkosi uJesu Kristu ivuke ekufeni. Masingakhohlwa nanini **ukuvuka kweNkosi uJesu,** sikukhumbule njalo! Esevukile elibeni uJesu wabonwa nguMariya Magdalena, nayibo abafundi ababeya eEmawuse ngaloluyasuku lokuqala lweviki. Nabanye babembona evukile. Abanye babekholwa, njengalokhu sithola emavangelini amanye, kodwa lapha ezwini lentshumayelo yanamuhla siyezwa ukuthi labaya ababetshelwa nguMariya Magdalena, nangabafundi ababili labaya ababehlangana endleleni noJesu iNkosi evuke kwabafileyo. Kubo kwakukhona ababengakholwa. Kodwa uJesu wayengabashiyi nje labo ababengakholwa ngukuvuka kwakhe, qha-ke wabalandela, wazinikela ukubonwa yibo, wabasiza ukuba nabo bakholwe.

Kodwa khona lapho wayebasola, wabakhuza. **Ake sikhumbule lokhukusola, lokhukukhuza kukaJesu!** "Ngasemuva wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo yabo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile." Kulendawo ake sikhumbule umusa weNkosi yethu! UJesu uyazi ukuthi kuyingozi enkulu, uma umuntu engakholwa akwenzelwe nguJesu ngokufa kwakhe nangokuvuka kwakhe. Siyazi ukuthi umuntu ongakholwayo nguye usahlulelwe, uyakwahlulelwa, akayikubona ukuphila, intukuthelo kaNkulunkulu iyakuhlala phezu kwakhe. Kodwa uJesu akathandi ukuba umuntu alahlekelwe ngukuphila akulungiselwe nguye. Yikho okwenza ukuba uJesu abalandele, abafune, azame ukubasiza ukuba baholelwe ekukholweni. Wenze kanjalo ngoTomase owayengakholwa ukuthi uJesu uvuke ekufeni. Wamholela ekukholweni, aze avume, athi: "Nkosi yami, Nkulunkulu wami!" Wayesethi uJesu kuye: "Babusisiwe abakholwa bengabonanga."

Khona-ke uJesu wayala, wathi: "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo." Ake sikhumbule **lomyalo kaJesu** njalo! UJesu uyafuna ukuba abafundi bakhe baye, batshele bonke abantu abakwenzelwe nguye, bezwe bonke ukuthi balungiselwe intethelelo nguye uJesu ngokuzalwa kwakhe kokuba ngumuntu, nangokufa kwakhe kokufela zonke izizwe esiphambanweni, nangokuvuka kwakhe kokunqoba isono, nokufa, noSathane. Bezwe bonke ukuthi uJesu ufuna ukuba bonke babhapathizwe egameni lakhe ukuthola intethelelo yezono, bamenywe bonke esidlweni sakhe ukuba badle umzimba wakhe

abawunikelwe ekufeni, baphuze igazi lakhe abalithululelwe kube ngukuthethelelwa kwezono, babekwe izandla egameni likaNkulunkulu onguYise neNdodana noMoya oNgcwele ukuba bathethelelwe izono. Bonke abantu bezizwe zonke bezikhathi zonke bezwe lelivangeli, bakholwe nguJesu.

INkosi uJesu yahlanganisa nalomyalo wayo isithembiso sayo esihle sokuthi "okholwayo, abhapathizwe uyakusindiswa," athethelelwe, abe nokuphila okuphakade. Yathembisa nokuthi: "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngegama lami bayakukhipha amademoni, bashumayele ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka; uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba-nangozi; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, basinde." Kulendawo asikwazi ukukhuluma ngobubanzi ngalezizibonakaliso, kodwa ngithanda ukugcizelela ukuba siqaphelisise umehluko wokuthi kwathi iNkosi isivukile yayingasayaleli abafundi bayo ukuba benze leyomisebenzi, kodwa yabathembisa ukuthi izibonakaliso ezinjalo ziyakwenzeka lapho besebenza khona. Ake sikhumbule **lezozithembiso zeNkosi yethu** evuke kwabafileyo!

Sikhumbule **nokugcwaliswa komyalo wakhe nezithembiso** lezo esisand' ukuzwa ngazo ezwini lanamuhla. Lithi: "Kepha bona bephuma bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo." Abafundi beNkosi uJesu baye emazweni. Ivangeli lashunyayezwa izizwe. Lifike nakithi. Sibhapathiziwe, samukela isidlo seNkosi, siyathethelelwa esibikweni. Umyalo weNkosi igcwalisiwe, lezithembiso esisand' ukuzwa ngazo zigcwalisekile. Onezindlebe uyezwa. Ikholwa nekholwa elinamehlo okukholwa libonile ukuthi izifakazelo lezo zamandla kaKristu zenzekile ekuhambeni kwalo. Ake ngikhulume kuphela ngezibonelwana ngokufushane nje! Ikholwa alisahlushwa ngamademoni, noma omoya ababi, noma ekuphileni kwalo, noma emzini wakubo. Liyazi ikholwa ukuthi livikelwe yiNkosi yalo uJesu Kristu. Alisakhulumi ulimi lokukholwa okungesikho, liyakhuluma ulimi lokukholwa okuyikho. Liyazi ukuthi noma inyoka endala, ngisho uSathane esazungeza umhlaba esafuna angamngwinya, ikholwa livikelwe kuSathane yiNkosi yalo uJesu Kristu. Esikhathini sokugula liyakhuleka, liyabusisa iziguli zalo ngesibusiso esisegameni likaNkulunkulu onguYise neNdodana noMoya oNgcwele. Konke okunjalo kuyenzeka, ngokuba lelikholwa liyakholwa nguJesu, liyamethemba. Alisayi ukufuna usizo kwabanye abasasebenzisa amandla angesiwo amandla kaJesu.

Konke lokhu kuyasekelwa nangokunye esikuzwayo ezwini lanamuhla, ngisho **ukwenyuka kweNkosi uJesu,** njengalokhu sizwa ukuthi: "Njalo-ke iNkosi uJesu isikhulumile kubo yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu." Kanjalo-ke siyakhunjuzwa sonke, futhi siyakhumbula

ngosuku lwanamuhla esizwe ngakho, ngisho ukuvuka kweNkosi yethu, nokusola ebasola abafundi bayo ngakho ngenxa yokungakholwa kwabo, nomyalo weNkosi wokuya ukushumayela ivangeli layo emazweni onke, nesithembiso sayo sokuthi okholwayo yiyo uyakusindiswa, nokuhlengwa emandleni amabi, sikhumbula nokugcwaliswa kwezithembiso zayo esikhathini sabafundi bayo, nasesikhathini sethu, nokwenyuka kwayo. Impela uJesu Kristu uyiNkosi yethu enhle kakhulu, yaya ezulwini ukusilungisela indawo enhle khona. Amen.

**9.** **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba wasilungisela insindiso nokuphila okuphakade. Mawusisize ukuba sitshele nabanye ngakho abantu bonke abakwenzelwe nguwe, abakulungiselwe nguwe ukuba nabo bangene ensindisweni nasekuphileni okuphakade ngokukholwa nguwe. Amen.

Umkhuleko weNKosi: Baba wethu osezulwini ....

10. Iculo 118/101

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1995/2001/2007 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.